



## Ochwepheshe Bezomthetho baxoxa ngokunqoba kuka-Biowatch kuMonsanto

Lapha sizama ukucubungula ukunqoba kwamuva nje eNkantolo YoMthetho-sisekelo, u-Biowatch wamema ithimba lochwepheshe bezomthetho ukuze baxoxe ngomthelela waleli cala.

Lapho sihlalene e-Old Fort e-Constitution Hill, satshelwa u-Advocate Steven Budlender ukuthi leli cala lalingelinye elacashunwa kakhulu emlandweni wezomthetho muva nje. Liwundaba-mlonyeni kwabezindaba emphakathini.

u-Biowatch waqala leli cala ngo-2000 ukuze athole iminingwane eyayingaveziwe uhulumeni mayelana nezinga lama-GMO (izitshalo ezishintshwe izakhi zazo zofuzo) ayetshalwa ngalo eNingizimu Afrika. U-Monsanto wangenelela kuleli cala ngasohlangothini lukahulumeni. Ngo-2005, iNkantolo Ephakeme YasePitoli yavumela u-Biowatch ukuba athole ulwazi oluningi ayengaluthola, kodwa yayala u-Biowatch ukuba akhokhe izindleko zika-Monsanto. u-Biowatch waphikisana nalo myalelo eNkantolo Ephakeme kanye naseNkantolo Enkulu Yokudlulisa Amacala, kodwa wehluleka.

Ubulungisa baze baba khona lapho leli cala lamukelwa eNkantolo YoMthetho-sisekelo. Lonke ithimba lamajaji lawuhoxisa umyalelo wokukhokha izindleko, futhi laphinde layala ukuba uhulumeni akhokhe izindleko zomthetho zika-Biowatch. Lapho ekhipha isinqumo ngo-Juni 2009, uJustice Albie Sachs wathi leli cala "beliwundaba-mlonyeni kwabezomthetho, emphakathini, kanye namaqembu abhekelele ukuyiswa kwezindaba ezithinta umphakathi enkantolo".

Ngokochwepheshe bezomthetho, leli cala licacisa ukuthi esikhathini esizayo, abalwela ukuyiswa kwezindaba ezithinta



*Abasebenzi nabaphathi baka Biowatch, abameli nabasebenzi base Legal Resources Centre bejabulela ukuwina nokuzwa ngemiphumela eConstitutional court.*

umphakathi enkantolo abanezinhlalo ezinhle ngeke kudingeke besabe ukuthi izindleko zizofunwa kubo. Siyajabula ukuthi leli cala livule indlela yokuba umthetho usebenze ngokuneqiniso.

### **Siyabonga – besingeke siphumelele ngaphandle kwenu!**

Sibonga amakhulukhulu ezinhlangano nabantu ngabanye abasisekela phakathi nale mpi yomthetho enzima enesihluku yeminyaka eyisishiyagalolunye. Ukusekela kwenu bekubaluleke kakhulu ekwenzeni u-Biowatch nomsebenzi wakhe ukuba ukuqhubeka.

Sibonga kakhulu ku-Legal Resources Centre ngokusimelela kahle kangaka.

Uthi bewazi ukuthi sekunikezwe imvume yokuba kwenziwa ukuhlolwa kwamagilebhisi ayi-GM (ashintshwe izakhi zawo zofuzo)? u-Biowatch uzwakalisa ukukhathazeka ngeqhaza elibanjwe umphakathi ekushayweni komthetho ngokuphepha kwezinto zemvelo.

● **Bheka ikhasi 2**

Ukuqeqeshwa ngokulima okunhlobonhlobo okuhambisana nemvelo, ukuqwashiswa ngama-GMO, ulwazi ngezimbewu zesintu,



ukuthuthukisa ukuhlukahluka kwezimbewu nokonga imbewu emakhaya.

● **Bheka ikhasi 3**

Bekuwnyaka obumatasa ezinhlanganweni zomphakathi zaseNdiya, eBrazil naseNingizimu Afrika ezisebenza njengesithangami



sezingxoxo "zabantu" i-IBSA.

● **Bheka ikhasi 4**

## Okuvela KuMqondisi

Kuningi osekushintshile ku-Biowatch kusukela eZindabeni zethu zokugcina zangoMeyi 2009.

Njengoba saphuma phambili empini eyathatha isikhathi eside yasenkantolo silwela amalungelo akumthetho-sisekelo nawezemvelo, kuye kwadingeka sibhekane nesimo esinzima kakhulu sezimali. Kuye kwadingeka sithathe izinqumo ezibuhlungu, kodwa ezidingekayo, kuhlangukise nokungavuseleli izinkontileka ezimbalwa nokuncishiswa kwamahhovisi.

Kodwa, futhi siye saba nethuba lokucabanga ngale nhlango, umsebenzi esiwenzayo nalokho esiye sabhekana nakho – futhi siye saqalisa inqubo yokubeka nokuhlela kabusha umbono wale nhlango.

Nokho, umsebenzi wethu uye waqhubeka unyaka wonke futhi imininingwane yalolu hlelo olugcwele noluhlukile inikeziwe kulezi Zindaba. Okufanele sikusho ngokukhethekile umklomelo we-CAPTRUST (Cape Environmental Trust) owethulwa ku-Biowatch ngo-Okthoba 2009 lapho kuqashelwa indlela esaba nesibindi ngayo mayelana nokuyiswa enkantolo kwezinto ezithinta umphakathi.

Ngemva konyaka obe yinselelo, singena ku-2010 sinamandla sivuselelekile futhi sizimisele ukubamba iqhaza ekuvikeleni ukuphepha kokudla, ekuhlukahlukeni kwezinto zemvelo nasekubhekeleni inselelo isimo solimo lwasezimbonini!

*uRose Williams*

### Izindaba zika Biowatch: sifuna imibono yenu

Lezi yiZindaba ezibukeka ngenye indlela zika-2010 futhi singakujabulela ukuba niphawule. Sifuna nitshele nokuthi hlobo luni lwezindaba nolwazi eningathanda ukukubona ngesikhathi esizayo.

Sicela nithumele imibono, nokuphawula kwenu nge-imeyili ethi [biowatch@mweb.co.za](mailto:biowatch@mweb.co.za).

## IMINININGWANE EMISHA YOKUXHUMANA NATHI

### Ihlovisi LaseThekwini:

23 Acacia Road, Glenwood, Durban 4001

Ucingo: 031 206 2954

I-imeyili: [biowatch@mweb.co.za](mailto:biowatch@mweb.co.za)

Ingosi Ye-Intanethi: [www.biowatch.org.za](http://www.biowatch.org.za)

### Ihlovisi LaseMtubatuba:

Oriole Centre, Jan Smuts Avenue, Mtubatuba

Ucingo: 035 550 3148 | 074 688 7854

I-imeyili: [bwsakzn@mweb.co.za](mailto:bwsakzn@mweb.co.za)

## Ucwaningo luvunyiwe kumagilebhisi ayi-GM. Bewazi ngalokhu?

Ngo-2009, uMkhandlu Ophethe (ibhodi eqondisayo ngaphansi koMthetho We-GMO) wanikeza imvume yokuba kwenziwe ukuhlolwa kwamagilebhisi ashintshwe izakhi zawo zofuzo.

Nakuba kusasele izinyathelo ezithile ekutheni kuthengiswe amagilebhisi ayi-GM, kuyisinyathelo esiya phambili – futhi kwenzeka umphakathi ungenalo ulwazi ngakho.

U-Biowatch akavumelananga nesicelo sokuqala ngo-2006 futhi siye saphinda sakubeka obala ukukhathazeka kwethu eMkhandlwini Ophethe mayelana nenqubo neqhaza elingabanjwa umphakathi, izindaba zokuvikeleka kwezinto zemvelo nokuhweba.

Ikhophi yencwadi esiyihambisile izotholakala ngokushesha engosini yethu ye-Intanethi [www.biowatch.co.za](http://www.biowatch.co.za). Sizolokhu sinazisa ngokuqhubekayo.

## Imihlangano ebalulekile, eyisithangami zezingxoxo zikazwelonke

### Umhlangano wokubika ngokuqhubekayo kazwelonke: izincwadi ezakhishwa yi-National Biotechnology Advisory Committee (NBAC): Julayi 2009

U-Biowatch waba khona emhlanganweni wokubika ngokuqhubekayo ngezincwadi ezazikhishwe yi-NBAC eziluleka uNgqongqoshe Wezesayensi Nobuchwepheshe.

Lo mhlango wokubika ngokuqhubekayo wawuhlelwe yi-National Advisory Council on Innovation. U-Biowatch wakwazi ukubamba iqhaza, ikakhulukazi mayelana nendlela yokwenza eseceleni yocwaningo lwe-NBAC oluthi “*Umthelela wokunqondisisi komphakathi waseNingizimu Afrika ngobuchweshe bezinto zemvelo*”.

### Umhlangano kazwelonke wesibulala nambuzane obuhlelwe inhlangano uGroundwork: Disemba 2009

Inkulumo ka-Biowatch kulo mhlango yagxila ekwandeni okukhulu kwezinto ezibulala ukhula (izibulala-zinambuzane) njengoba izitshalo eziningi, njengombila, isoya noma ukotini, zishintshwa izakhi zazo ukuze zimelane nokokubulala ukhula – okungukuthi, lezi zitshalo eziyi-GM ziyakhula naphezu kokufakwa izinto zokubulala ukhula, kodwa zonke ezinye izitshalo ziyafa!

# Ukuthuthukisa ukulima ngokwemvelo okunhlobo- bonhlobo emakhaya aseNingizimu Afrika

Umsebenzi wethu uqhubekile ngezindlela ezahluahlukene nesimeme ezindaweni eziyisikhombisa KwaZulu-Natali nase-Eastern Cape.

Siye sazibandakanya nalokhu:

- ekuqeqeshweni ngezinhlelo zokulima ngokwemvelo okunhlobo-  
bonhlobo;
- ekuqwashiseni ngama-GMO nangolwazi ngokuhlukahluka kwezimbewu zendabuko;
- ekuthuthukiseni ukuhlukahluka kwezimbewu nokonga imbewu emakhaya.

## Imicimbi ebenezithelo

Lokhu kuyahambisana nemicimbi ezinezithelo nezikeza ulwazi njengoKuvakashelana kwabalimi becobelana Ulwazi okwenzeke KwaNgwanase ngoJuni, ukukhangisa ngezimbewu eTshaneni, umhlangano nomasipala waseJozini nabalimi mayelana nokuthengisa imikhiziqizo.

## Izingadi zokudla zasemakhaya

Okufanele kubalulwe ngokukhethekile eNgwavuma ukuthi ukuhlukahluka kwezimbewu, ukonga izimbewu nokuba nezinqolobane zezimbewu emakhaya ziye zanda ngokuphawulekayo; futhi eNcotshane (oPongola), kuye



*(Ngakwesobunxele) Ingadi yomphakathi KwaHohho. (Kwesokudla) isiBonelo se tower garden eNtandabantu – isipinashi no-green pepper kutshalwe esakeni kwase kutshalwa utamatisi emaceleni, no-anyanisi phezu. Loluhlobo lwengadi lungasebenzisa amanzi asebenzile ekhaya.*

kwakhiqizwa izinkukhu, kwaba nemakethe yendawo yomkhiziqizo wemifino, futhi kuye kwatshalwa amasimu amakhulu okwandisa izimbewu zendabuko ezihluahlukene.

## Esizogxila kukho ngo-2010

Ngo-2010 sizogxila ekusizeni imiphakathi ukuba iqede ukulahleka okuqhubekayo kwezinhlobo-  
bonhlobo zezimbewu zesintu. Sizogxibeka futhi siqhophisana esimeni lapho uhulumeni eqhakambisa ukuthuthukisa izimbewu zamaGM abuye futhi agquqguzele ukuthuthukisa ukonga izimbewu nokuba nezinqolobane.

# Umhlangano namalunga ePhalamende

Ababethula izinkulamo ngo-Okthoba emhlanganweni owawuthi "Ingxoxo mayelana nomthelela wezitshalo zama-GM ekuphileni kwasemakhaya okusimeme nokuzikhethelela kokudla okuphephile" kwakuyilaba (ukusuka kwesobunxele) uLance Greyling, uSotshwebhu Omkhulu nomkhulumeli wezemvelo we-Independent Democrats; uJean Marc von der Weid, uMqondisi we-ASP-TA, eBrazil; uJody Kollapen, owayeyinhloko yeKhomishana Yamalungelo Abantu ENingizimu Afrika; uDevinder Sharma, umlweli wezolimo nochwepheshe wenqubo yezolimo, eNdiya, noPhumelele Sizani, uSihlalo weKomiti Lokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokubuyiselwa Komhlaba Kubaniniwo.

Njengoba wawuhlelwe u-Biowatch no-Surplus People Project (SPP), futhi usihlalo kunguJody Kollapen, lo mhlangano waqoqa izinto eziningana ezikhathazayo mayelana nokuphepha kokudla okuyi-GM (luphi ucwaningo?) kuye ekulawulweni kwezinto okusetshenziswa izakhi zazo nokuthi ama-GMO athikameza amalungelo esintu.

Ukuze uthole eminye imininingwane, bheka isihloko sikaKristin Palitza esithi "GMOs: Strategic Priority in Whose Interest?" kule ngosi [www.ipsnews.net/africa/nota.asp?idnews=49021](http://www.ipsnews.net/africa/nota.asp?idnews=49021).



## Indatshana eyifilimu

Ukwethula kwalefilimu ethi "Poison on the Platter" eNingizimu Afrika kwaba umcimbi owaba ndabuzekwayo nowenza kugcwele eLabia Theatre, eKapa, ngo-Okthoba. Ukukhombiswa kwefilimu, okwakhlelwe u-Biowatch no-Surplus People's Project, kwabaseKapa bebambisene no-SAF eAGE ne-African Centre for Biosafety, eThekwini, kwabanjiswa no-GM Free KZN.



# Ukucobelelana ngolwazi kwamazwe ngamazwe. Isithangami "sabantu" se-India-Brazil-South Africa (IBSA)

Izinhlangotho zomphakathi zase-India, eBrazil neSouth Africa (IBSA) zahlangana ndawonye ngo-2008 zakha isithangami sezingxoxo "sabantu" se-IBSA yamazwe ngamazwe.

Izinhlangotho ezibambe iqhaza zikuqonda ngokufanayo ukubaluleka kokubambisana komphakathi waseningizimu nowaseningizimu nebalazwel ikakhulukazi endabeni yokubambisana koholomeni balamazwe be-IBSA abathuthukisa indlela engasimeme yomkhiqizo wezolimo oncike ekusebenziseni kakhulu amakhemikhali, izitshalo eziyi-GM namalahle akhiwe ngezinsalela zasendulo. Le ndlela inomthelela omubi kwezemvelo, ibhekela phansi abalimi abalima kancane balimela ukudla, abasebenzi basemapulazini nabomdabu emhlabeni wonke, futhi yiyo ebangela ukungavikeleki kokudla futhi isongela ukuchuma kokudla.

Unyaka odlule bekuwunyaka ojabulisayo kulezi zinhlangano ezingamalungu (iChetna Organic Farmers' Association yaseNdiya, i-Agroecology and Family Farming yaseBrazil, ne-Surplus People Project and Biowatch yaseNingizimu Afrika) njengoba kwakunomhlangano eDelhi ngoMeyi, woKucobelelana Ngolwazi Kwabalimi eHyderabad, eNdiya, ngo-Agasti nowoKucobelelana Ngolwazi Kwabalimi eNingizimu Afrika (KwaNgwanase naseNgwavuma) ngo-Okthoba. Eningizimu Afrika, loku kucobelelana ngolwazi kwakuhambisana nezehlakalo ezinjengomhlangano nephalamende (bheka ikhasi 3) nezimbizo zomphakathi mayelana ne-documentary ethi "Poison on the Platter" (bheka ikhasi 3).

Ngo-2010, ukubambisana kuzoyiswa phambili ukuze kwakhiwe izithangami zomphakathi futhi kuqinise ubumbano kuzwelonke – lesi sithangami sizomelelwa engqungqutheleni ye-GMO eDelhi, eNdiya, ngoMeyi.



*Ukucobelelana ngolwazi kwabalimi be-IBSA eNgwavuma, eNingizimu Afrika (ngenhla) naseHyderabad, eNdiya (ngezansi) – kuningi okwafundwa mayelana nokuvikeleka kokudla kwasendlini, ukuhlukahluka kwezimbewu, izinqolobane zembewu, ukonakaliswa kwama-GMO, neMikhosi Yezinto Ezinhlobonhlobo.*



## EIaseNdiya lenqaba ubhrijoli oyi-GM

Kuzwakale ubumayemaye kososayensi ezweni lonke laseNdiya, abalimi kanye nezishoshovu ngenxa kabhrijoli oyi-GM! Ngenyanga edlule uNgqongqoshe Wezemvelo waseNdiya wavimbela ukukhishwa kukabhrijoli oyi-GM ethi kuwumthwalo wakhe ukusebenzisa indlela yokuqapha esekelwe ezimisweni kuze kube yilapho ucwaningo lwesayensi oluzimele seluthole ukuthi lo mkhiqizo uphephile uma kubhekwa umthelela wawo wesikhathi eside empilweni yabantu nakwezemvelo, kuhlunganise nomcebo wezaxhi okhona kubhrijoli eNdiya.

Isicelo sokuba kuvunyelwe ukuthengiswa kukabhrijoli oyi-GM eNdiya senziwa iMahyco Monsanto. uMonsanto yiyo kanye inkampani efike nezitshalo eziyi-GM, njengombila, ukotini oyi-GM nesoya bean (GM soya bean) eyi-GM eNingizimu Afrika.

### SILINDELENI NGO-2010?

- Ukuvashelana kwabalimi nokucobelelana Ngolwazi e-Eastern Cape – ngoFebhuwari
- Ukuvakashelana kwabalimi nokucobelelana Ngolwazi eBrazil – ngo-Ephreli
- Ingqungquthela ye-GMO eNew Delhi – ngoMeyi
- Umsebenzi oqhubekayo wokulima ngokwemvelo okunhlobonhlobo emakhaya ase-KZN

**Biowatch Bulletin** zizokugcina wazi ukuthi kuqhubekani. Uma uthanda ukuba sohlwini lwabantu esibathumelela amameyili, sicela uthumele nge-imeyili imininingwane yakho lapha [biowatch@mweb.org.za](mailto:biowatch@mweb.org.za)